education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2010

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-17.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Abahlolwayo mabangafundi yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo eniyifundile.

3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini lesi-3 kuya kwelesi-4 ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.

4. Izimpendulo zemibuzo emide maziphendulwe ngamagama aphakathi kwangama-340 – 390.

5. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikezwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.

6. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

7. Abahlolwayo bayelulekwa ukuba babhale isandla esibonakalayo.

8. **OKUQUKETHWE**

Phendula imibuzo **EMIHLANU** ngemibhalo oyifundile enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO
AMAHLOKOHLOKO (EJ Mhlanga, JJ Thwala)/IZINKWAZI ZOTHUKELA (LPM Makhanya)

Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo **EMIBILI** phakathi KOMBUZO 1, UMBUZO 2, UMBUZO 3 noma UMBUZO 4.

UPHOQELEKILE UKUPHENDULA INKONDLO ENGABONIWE. Phendula umbuzo **OWODWA** phakathi KOMBUZO 5 NOMBUZO 6.

UMBUZO 1	Umbuzo omude **(Isigqebhezana) (190 – 240 amagama)**	(10)
	NOMA	
UMBUZO 2	Umbuzo omude **(Umlungisi Uzithela Isisila) (190 – 240 amagama)**	(10)
	NOMA	
UMBUZO 3	Umbuzo omfushane **(Gciwane ndini!)**	(10)
	NOMA	
UMBUZO 4	Umbuzo omfushane **(Mbonise baba)**	(10)

KANYE

Inkondlo engaboniwe:

UMBUZO 5	Umbuzo omude **(Kuhle Kwethu!) (190 – 240 amagama)**	(10)
UMBUZO 6	Umbuzo omfushane **(Kuhle Kwethu!)**	(10)

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo **OWODWA.**

UMBUZO 7: Inoveli 1 (Bengithi Lizokuna)	Umbuzo omude **(340 – 390 amagama)**	(25)
	NOMA	
UMBUZO 8: Inoveli 1 (Bengithi Lizokuna)	Umbuzo omfushane	(25)
	NOMA	
UMBUZO 9: Inoveli 2 (Usumenyezelwe-ke Umcebo)	Umbuzo omude **(340 – 390 amagama)**	(25)
	NOMA	
UMBUZO 10: Inoveli 2 (Usumenyezelwe-ke Umcebo)	Umbuzo omfushane	(25)
	NOMA	

UMBUZO 11: Inoveli 3 (Kunjalo-ke)	Umbuzo omude **(340 – 390 amagama)**	(25)
NOMA		
UMBUZO 12: Inoveli 3 (Kunjalo-ke)	Umbuzo omfushane	(25)

KANYE

ISIQEPHU C: IMIDLALO

UMBUZO 13: Umdlalo 1 (Kudela Owaziyo)	Umbuzo omude **(340 – 390 amagama)**	(25)
NOMA		
UMBUZO 14: Umdlalo 1 (Kudela Owaziyo)	Umbuzo omfushane	(25)
NOMA		
UMBUZO 15: Umdlalo 2 (Awuwelwa Umngeni)	Umbuzo omude **(340 – 390 amagama)**	(25)
NOMA		
UMBUZO 16: Umdlalo 2 (Awuwelwa Umngeni)	Umbuzo omfushane	(25)

QAPHELA: Kumele uphendule umbuzo **OWODWA** omude kanye nombuzo **OWODWA** omfushane esiqeshini B nakusiqephu C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO

ISIQEPHU A
UMBUZO 1 – 4 Khetha imibuzo **EMIBILI** kule mibuzo.
UMBUZO 5 – 6 Khetha umbuzo **OWODWA** kule mibuzo. (30)

ISIQEPHU B
UMBUZO 7 – 12 Khetha umbuzo **OWODWA** (omude noma omfushane) kuleyo noveli oyifundile. (25)

ISIQEPHU C
UMBUZO 13 – 16 Khetha umbuzo **OWODWA** (omude noma omfushane) kulowo mdlalo owufundile. (25)

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

Izinkondlo ezimiselwe:

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo. Impendulo yakho mayibe amagama aphakathi kwayi-190 – 240.

Isigqebhezana – CG Zulu-Kabanyane

Mehlo ami ayabuka
Nhliziyo yami iyakhuluma
Ngqondo yami
Uyathatha uyabeka.

Kuyakhalwa kufiwe
Kuyangcwatshwa, kuziliwe-
Qhamukiyane intokazi yakwethu
Ishayela phezulu
Qhwasha qhwasha.

Hhayi ngemfashini, ngiyesaba
Isibhuklabhukla sethanga
Kubanik'ugesi
Amehlo ayazithuma
Sesikhona isigqebhezana!

Yehheni nasi isigqebhezana
Asinakuhlal'emuva
Cotho cotho phambili
Ungafung'ukuthi sithi:
Zulu ngibukeni".
Nempela uZulu uyabuka.
Kazi nembez'ushonephi
Ubungebonise ngokujula kosuku?
Hhayi, kudlalwa ngawe nembeza
Ingani wena uzibeka kalula
Pho, indaba kabani?
Isigqebhezana ngesami!

Xoxa ngomqondo wale nkondlo bese uchaza ukuthi izakhiwo zemigqa nezitanza ziwulolonga kanjani umqondo wayo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 2: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo. Impendulo yakho mayibe amagama aphakathi kwayi-190 – 240.

Umlungisi Uzithela Isisila – JJ Thwala

Ngakuqoqa ugcwel' amathafa,
Uphenduk' isiphanzi nomhambuma,
Uphenduk' umalalabaleni nomlalandle,
Umdumakhanda usho ukukusobozela;
IMpumalanga neNtshonalanga kuyint' eyodwa;
Inyakatho neNingizimu kuyint' eyodwa,
Imini nobusuku kuyint' eyodwa,
Ilanga nenyanga kuyint' eyodwa,
Ngakuhlahlel' inyathuko emhlophe,
Ngathukulul' amafindo aboshiwe,
Ngavul' izicabha ezikhiyiwe,
Ngasombulul' izinkanankana ezinkonkoshelene,
Namuhla kuwena ngiyingangakazana,
Impel' umlungis' uzithel' isisila.

Xoxa ngomqondo wale nkondlo bese uchaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kuwuthinta kanjani umqondo wayo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Gciwane Ndini! – N Kheswa

Angizange ngize kuwe
Uwena oweza kimi
Wahlala nami ngaphandle kokuvumelana
Awuthandanga nakuzwa uvo lwami.
Uzodansela olwami-ke ugubhu
Ngifuna uze uthi, "Tshiyo sengivuthiwe!"

Awunamahloni gciwanendini!
Awunandaba nokuth' intomb' ihloniphekile
Awunandaba nokuth' insizw' ihloniphekile.
Uyagudla uzithela inyandana
Ushaye udlakaze okwembokodo yokugaya
Ngisho enganen'encane engenacala
Maye gciwane lansondo ulinuku!
Lapha kimi-ke ufike emphelandaba.

15	Ngikubonile ukuthi uze ngomdlandla
16	Ubuthi uzofike usine uzibethele.
17	Ngashona kweyami ngafike ngagoma.
18	Ngabuya sengihlome ngayizimbeva
19	Ngalandela imigudu yabanolwazi
20	Ngalalelisis'okwanga'ithunywa;
21	Yebo, itshelwa iphindelwa.

3.1 Imbongi iqondeni ngokuthi igciwane lifike emphelandaba? (1)

3.2 Bhala igama eleqiwe kulo mugqa olandelayo bese unikeza isizathu sokweqiwa kwalo.

"Ngashona kweyami ngafike ngagoma." (2)

3.3 Ngokwazi kwakho yimiphi imiyalo enikwa abantu abasuke benegciwane lengculaza? Nika kube KUBILI. (2)

3.4 Ukuxhumana okusemgqeni wesi-8 kuya ku-9 kuwuthinta kanjani umqondo wale nkondlo? (2)

3.5 Ngabe amagama asemgqeni wesi-6 athi: "Tshiyo sengivuthiwe" awuthinta kanjani umoya wale nkondlo? (3)
[10]

NOMA

UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Mbonise Baba – KA Mkhize

1	Uzulazul' ezintabeni,
2	Akayibon' indlela
3	Konk' ukushay' indiva.
4	Ukusa kubonwa nguye,
5	Eqonde kwamama ngipotoze
6	Umlomo sekungowentinyane.
7	Ubufiyofiyo babangani,
8	Ekusen' emini ntambama,
9	Nom' ebengazimisel' ukuhamba.
10	Phakathi kwamabili,
11	Umfic' elele emgwaqeni,
12	Akazazi negama lakhe.
13	Noma kuthi thushu,
14	Imot' akayibon' akayizwa,
15	Usevele wayitsh' uqobo.

16	Um' iqhamuk' ishwibek'
17	Imoto kuvalw' amehlo,
18	Kuthi qhamu! Kuthi patsha!
19	Emaphathini nakuma-bash
20	Akasalali yisaziwa,
21	Esidl' oma-**fish eagles** noma-**whiskey**.
22	Um'eth' uvul' umlomo
23	Kuthi phafu!
24	Kuthi thanqu!
25	Akunhlamba kuyafiwa,
26	Izintombi zimsab'okwenyoka
27	Yindlavini yoqobo.
28	Yisidlamlilo sendlovu kayiphendulwa,
29	Eqomisa ngenkani.
30	Inhliziyo sekwaba wuhluthu.
31	Mbonise baba aphunyule,
32	Kulesi sihogo.
33	Muph'impumelelo.
34	Ube yindumiso kuye,
35	Akadumis'imihla yonke
36	Yokuphila kwakhe.

4.1 Ekugcineni imbongi isebenzise ulimi oluncengayo. Chaza ukuthi ikuphi okushiwo yimbongi okuveza lokhu. Nika kube KUBILI. (2)

4.2 Ukwenzenjani ukushaya indiva ngokwale nkondlo? (2)

4.3 Chaza ukuthi leli gama elithi, "bash" lisho ukuthini. (2)

4.4 Iziphi izinto ezigxekwa yimbongi ezenziwa abantu abasha? Nika kube KUBILI. (2)

4.5 Nika incazelo yalezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe kule nkondlo: "thushu, phafu!" bese usho ukuthi ziyilolonge kanjani incazelo yale nkondlo. (2)
[10]

KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)
Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. UMBUZO 5 (omude) noma UMBUZO 6 (omfushane).

UMBUZO 5: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo. Impendulo yakho mayibe amagama aphakathi kwayi-190 – 240.

Kuhle Kwethu! – D Ntuli

Avulekile amasango eMzansi omusha,
Amathuba angena ngeminyango nangemifantu.
Amathuba akusewona wabelungu nabafundile kuphela,
Amathuba akusewona wabacebile kuphela,
Nathi esikhubazekile sesinyathela kubonakale,
Izicabha zasemisebenzini sezivulekile.
Ngimbonile oyisithulu eqhafaqhafaza imishini kwa-Woolworths,
Ngimbonile ongaboni emehlweni esebenza kwa-SABC.
Ngizibonile izinkubela ziqhudelana emncintiswaneni,
Ngimzwile ongasazi isiNgisi ezikhulumela ngesiZulu.
Kikiki! Ohlukunyezwayo seliyezwakala ilaka lakhe.
Umhlaba wokhokho usubuyiselwa kubaniniwo,
Izwe elaphucwa okhokho bethu seliyabuyiswa.
Kuhle kwethu! Iyanambinambitheka indaba yamalungelo!

Phawula ngomoya wale nkondlo bese uchaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kuwuthinta kanjani umoya wayo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 6: UMBUZO OMFUSHANE

Phinda ufunde inkondlo eku-5 ngenhla, 'Kuhle Kwethu!', bese uphendula imibuzo elandelayo.

6.1 Bhala elinye igama elisho ukuthi: eMzansi. (1)

6.2 Hlobo luni lwabantu obelucindezelekile oseluthole amathuba ngale nkululeko? Nika kube KUBILI. (2)

6.3 Ukuxhumana okusemgqeni wesi-2 kuya kowesi-4 kunamthelela muni emqondweni wenkondlo? (2)

6.4 Chaza ngesimo sezombusazwe esivezwe yile nkondlo. (2)

6.5 Ngabe lomsindo ovezwa yila mabinzana awuthinta kanjani umoya wenkondlo? "Kikiki!, Kuhle Kwethu!" (3)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo **OWODWA** ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 7: UMBUZO OMUDE

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Hlaziya ukukhula kwesakhiwo nomsebenzi womlandi lapho kudingeka khona. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 8: UMBUZO OMFUSHANE

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Yeka ukukuthanda kwami Mhlengi!"
"Ngiyaxolisa Nontobeko."
Yisona sizathu owangalela sona lesi?"
"Yebo," evuma ngamahloni.
"Wawungangitsheli ngani pho?"
"Kwakulukhuni. Kwakungelula neze," ephendula ngezinyembezi.
"Yeka ukukuthanda kwami! Yeka ukuzethembisa kwami ukuthi sizotholana, sibuyelane, siqhubeke lapho esasigcine khona, si ..." akhale kakhulu. Usevele wankema nje uXolani. Kakululula nokuthi kube khona abuze kuyena. Kuyamdida konke lokhu akuzwayo.
"Mahlengi, kwenzenjani?" ebuza ezidela amathambo.
"Wo, kulukhuni Xolani bakithi," ehlengezela izinyembezi, engabaza nokusondela kuyena uXolani, amwole, amduduze.
"Yini elukhuni?" esabuza emangele, ebabuka bonke endlini ngawo lawo mehlo egcwele imibuzo.
"Kangazi ukuthi ngizochaza ngithini," ekhala kakhulu uMhlengi.
"Cha, kangikuchazele ndodana. Mina nginguNgidi, uyise kaMhlengi ... kaMahlengi. Lona nguNontobeko owayethandana noMhlengi, lona nguNomalanga, isithandwa sami."
"Kangikuzwa kahle."
"Kufanele ungangizwa ndodana. Nakithina, yiso leso, kuningi okusixakayo. Mhlawumbe nguye uMhlengi ... uMahlengi wakho ongakuchazela kahle."
"Kufanele ungangizwa ndodana. Nakithina, yiso leso, kuningi okusixakayo. Mhlawumbe nguye uMhlengi wami," kubalisa uNontobeko.
"Mahlengi, yini lena ongenza yona? Awu, yeka ukukutha ..." Abihlike naye uXolani, kudlange izinyembezi, lunyuke lonke usizi lwakhe, akucabange konke okumlahlekele, akucabange konke okungamathemba namaphupho ekusasa eliqhakazile abezitshela ukuthi libalindele noMahlengi wakhe. Konke lokhu kumdiyazelise, kulenze lizule kakhulu kunakuqala ikhanda lakhe. Wazibona esehlehla kancane, kancane, eqheluka, efulathela, ebashiya besalokhu bekhamisile endlini, bebhalwe usizi okungekho owaziyo ukuthi besalokhu bekhamisile endlini, bebhalwe usizi okungekho owaziyo ukuthi luyoke lushabalale yini. Waphuma ebhocobele, kuqhaqhazela amadolo, kumnyama amehlo, engangabazi nakancane ukuthi lolu sizi abhekene nalo manje luzomgubuzela, lumgwinye, lumminzise, azike, azike, azike.
Wo!

8.1 Nika incazelo yalesi simo sokukhuluma esidwetshelwe, bese usho ukuthi siyilolonga kanjani incazelo yalokhu okwenzekayo.

Usevele wankema nje uXolani. (1)

8.2 Yini eyenza uNontobeko akhale kangaka kulesi siqeshana? (2)

8.3 Ubani owasiza uNgidi ekutholakaleni kukaMhlengi? (2)

8.4 Obani ababebangisana ngokuthandana noMhlengi? (2)

8.5 Ngokucabanga kwakho yini eyayenza uMahlengi angakwazi ukuchazela bonke labantu ababesefulethini lakhe? (2)

8.6 Isinqumo sikaMhlengi sokuhlukana noNontobeko siyihlukumeze kanjani impilo kaNontobeko? (3)

8.7 Kungani uXolani akhale ngokuthi konke okungamathemba namaphupho ekusasa eliqhakazile sekumlahlekele? Bhala kube KUBILI. (4)

8.8 Walahlekelwa yini uMhlengi kuyise ngokuphumela obala ngobulili bakhe? Bhala kube KUBILI. (4)

8.9 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kuleli noveli. (5)
[25]

NOMA

UMBUZO 9: UMBUZO OMUDE

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

Hlaziya ngokukhula kodweshu nomsebenzi womlandi. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 10: UMBUZO OMFUSHANE

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Sekuphele amasonto amabili ingenampendulo incwadi uMaNdelu ayeyibhalele uMirriam, uMeyila wabiza omunye umhlangano osheshayo kuwo okwakukhona uMaHadebe, uMaNdelu no Dininja. Wathi. "Muzi wakwethu, ngicela uMaNdelu aszise ukuthi umntwana uphendule wathi ubuya nini."
Ecikica amehlo uMaNdelu washwathiza wathi, "Umntwana yise akaphenduli. Angazi ubanjwe yini."
"O, kuze kube manje akakaphenduli. Uma ucabanga ngabe kubambeni ngoba ngeke sisho ukuthi kuseposini? Ngike ngahlangana nothishela ngambuza, wathi sebelilanda njalo iposi."
"Angazi impela yise. Okusho ukuthi sengoze ngibhale enye incwadi."
"Ubhale incwadi yokwenzani ingane iganga nje iphethwe wubundindwa? Akusafuneki ncwadi manje. Akalandwe! Ngizozithumela mina izinsizwa ezizovele zimgxavule khona kwamlungu zimphonse emotweni, zishayeke naye lapha eMangwaneni ngokuphazima kweso. Siyavumelana ngalokho?"
"Baba, akanikwe ithuba lokucabanga umntwana. Angalandwa uma engathandi." Kusho uMaHadebe.
"Shalabhu! Ngiyalibeka uyalibeka! Esesi mani!" emnyonkoloza.
"Ngibuze kuwena MaNdelu, hhayi kuMaHadebe."
NoMaNdelu wema kwelikaMaHadebe ngokuthi, "Qha, ake simnike ithuba nje yise. Ngiyabona usaqoqa. Uyeza yena."

IMIBUZO

10.1 UMirriam le mali wayiwina esebenza kuphi? (1)

10.2 Ubani isoka likaMirriam? (2)

10.3 Yini lena eyayithukuthelise uMeyili ngokwalesi siqeshana? (2)

10.4 Kungani uMeyili wayesha amashushu kangaka ukuthi uMirriam abuye? (2)

10.5 Ngabe okwakushiwo uMaHadebe ukuthi uMirriam akayekwe uma engathandi ukubuya wayekusho ngenhliziyo ephelele yini? (3)

10.6 Sizathu sini esabangela ukuba uMirriam ahambe ekhaya ayosebenza eGoli? (3)

10.7 Ngokucabanga kwakho yini eyabangela uMirriam ukuthi angayeki umsebenzi emva kokuwina imali engaka? (3)

10.8 Ngabe lamazwi ashiwo uMeyili kuMaHadebe, "Shalabhu! Ngiyalibeka uyalibeka! Esesi mani!" amveza engumuntu onjani uMeyili? (3)

10.9 Xoxa ngenkinga uMirriam angena kuyo ngenxa yokuthwetshulwa kwakhe ngabezithombe, bese ukuthi ukube bekunguwe bewuzokwenzenjani. (6)

[25]

WESTERN CAPE

UMBUZO 11: UMBUZO OMUDE

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Hlolisisa ukuthi isizinda sinabudlelwano buni nendikimba yale noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 12: UMBUZO OMFUSHANE

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Hhayi bo Sir!" Washo uDumazile wajikisa intamo yabheka lena, ekhombisa ukuthi unamahloni ngalento eshiwo nguthisha wakhe. Inhliziyo yakhe yashayela phezulu. "Hamba uyocabanga, ucabangisise," kuqhuba uthisha uMoloi. Bavalelisana uDumazile edumele.

Bawuqale-ke umsebenzi wabo abafundi, kodwa uDumazile wayesengibuka njengomntwana onjani nje? Umama yena angathini nje ayengiyala kanjena? Mina uthisha ngimthatha njemgomzali wami. Pho ngithandane nomzali wami? Kufanele ngivele ngiqunge isibindi ngimtshele uthisha ukuthi makakuyeke lokhu kungcola kwakhe." UDumazile wezwa esemenyezwa nguthisha ethi makaphumele phandle ashaywe ngumoya. Uthisha wayembona uDumazile ukuthi akekho ekhona ekilasini. Nebala wenza njalo, waphuma. Wahlala phandle kwaze kwashaya isikhathi senhlabakhefu.

UDumazile wabona kungezokumsiza ngalutho ukuhlala esikoleni. Wangena ekilasini maqede wadumela izincwadi zakhe, zaya. Wafika emqashweni ngesikhathi esifanayo nesangayizolo. Wangena endlini yakhe, wahlala phezu kombhede, wacabanga:

"Ngiye noma ngingayi ukuyomtshela uthisha ngala manyala awakhuluma kimina? Uma ngingayi, uzongijwayela kabi lo thisha. Mina ngizele ukuzofunda lapha, hhayi ukuzoqonyiswa nguyena. Kuzofanele nakanjani kusasa ngimtshele ukuthi uma eqhubeka nale nkulumo yakhe, ngizomceba kuthishomkhulu."
Kwathi kusenjalo kwangqongqoza isalukazi esicabheni, sangena.

12.1 Nika igama lesikole lapho kwakufunda khona uDumazile. (1)

12.2 Nika elinye igama elinomqondo ofanayo nelithi ukuqomisa. (1)

12.3 Kwakubangelwa yini ukuthi ingqondo kaDumazile idideke emva kokubonana nothisha uMoloi? (1)

12.4 Yini eyayenza uDumazile angafuni ukuthandana nothisha uMoloi? Nika kube KUBILI. (4)

12.5 Nika amagama ezingane zikaDumazile. (3)

12.6 Kungani uthisha oqomisa izingane zesikole ejeziswa ngokomthethosikelo wezwe? (2)

12.7 Umlandi umenze uDumazile walandela igama lakhe. Nika amaphuzu AMAHLANU afakazela lokhu. (5)

12.8 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi uDumazile ugcina ezisola ngakho konke okwenzeka empilweni yakhe? Sekela impendulo yakho. (3)

12.9 "Ezinye zezindlela ezibhebhethekisa igciwane lengculazi ucansi olungaphephile." Xoxa unikeze ubufakazi balokhu ngokwenzeka enovelini. (5)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 13: UMBUZO OMUDE

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Bhala uhlolisise ngobudlelwano phakathi kwezehlakalo kanye nalaba balingiswa:
– uMdaluli **[25]**
– uChivenga

NOMA

UMBUZO 14: UMBUZO OMFUSHANE

***Kudela Owaziyo* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo:

MDALULI: (*Uzwakala engaphakathi*) sengathi ungake ulinge nje. Inkosi impela uyokubona okwabonwa ngumlisa mumbe owanyathela umthente engafake zingxabulela ezinyaweni. (*UMaMlanduli usalokhu ekhala lapha ngaphakathi njengalokhu sisamnethanje isibhaxu)*

LONDIWE: *(uzwakala engaphandle)* Kodwa nawe mame uthathe kude kakhulu. Angazi ukuthi uncengeni kubaba kangaka njengalokhu ekuhlukumeza kangaka ngalolu hlobo kodwa wena ujike ungambophisi. Abantu besilisa abenze nje badinga ukuboshwa ngempela. Kungagcini lapho futhi. Kuphinde kucelwe nencwadi yesivikelo emaphoyiseni ukuze ibenqabele ukwenza noma yini kuwe ngesihluku. Mina ukuba umuntu owenza njengobaba uganwe yimina nje, bengingamgeza igilo libemhlophe qwa ngimkhombise ukuthi angisiyona neze into yokudlala. *(Ngokushesha uLondiwe aphumele phandle kwendlu nemfonomfono yakhe leyo ebizwa ngomakhalekhukhwini.)*

WESTERN CAPE

14.1 Kungani uLondiwe afune ukugqekeza isicabha uma bengamvumeli abazali? (2)

14.2 Nika amagama ezingane zikaMdaluli. (3)

14.3 Chaza usho ukuthi izinyathelo ezathathwa uLondiwe zazifanele yini. (2)

14.4 Yini eyabangela uMdaluli alahlekelwe umsebenzi? (2)

14.5 Waphuma kanjani ejele uMdaluli emva kokuthi uLondiwe esembophisile? (2)

14.6 Ngabe kwakufanele yini ukuthi uLondiwe angene ezindabeni zabantu abadala? Sekela impendulo yakho? (3)

14.7 Yisho ukuthi yikuphi okwakufanele kwenziwe uMamlanduli ukulwela amalungelo akhe. (3)

14.8 Chaza ukuthi lihambisana kanjani iphupho likaMdaluli nokwenzeka kulo mdlalo. (3)

14.9 Phawula ngempumelelo yomlandi ekuvezeni uMdaluli njengomlingiswa onokucwasa, ukuchema nobandlululo. (5)
[25]

NOMA

UMBUZO 15: UMBUZO OMUDE

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Humusha isakhiwo somdlalo nokwenzeka kulo mdlalo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

WESTERN CAPE

UMBUZO 16: UMBUZO OMFUSHANE

AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Zithulele: *(ehwaqabele*) UHulumeni uhlose ukucacisa kahle imingcele emidala nokuklama kahle emisha eyehlukanisa nezokwehlukanisa kahle kabusha amapulazi abelungu owakhelene nabo oMgqabula, oMvomvozi noMehlwemamba.

Salimani: *(eswaca)* Akukho mingcele ezohlelwa kabusha. oMgqabula, oMvomvozi noMehlwemamba umngcele wabo uyaziwa ukuthi nguMngeni.

Zithulele: (*ethi ukwehla*) Kahle salimani ukuthatha izinto ngokuhluthuka. Khumbula ukuthi nguHulumeni lona okhuluma naye. Uma ukhuluma nami ukhuluma noMbusi uqobo lwakhe. Umbusi-ke unguHulumeni. Ngakho-ke uma ukhuluma naye kumele ukhulume njalo ngenhlonipho. Kuhle ungazilibali ukuthi "ungumuntu". Njengoba ngikhuluma nawe nje ngimele uSomtsewu uqobo.

Salimani: Umuntu ongahloniphi naye akahlonishwa. UHulumeni kaSomtsewu ufuna ukwenzani ngemingcele athi eyoMgqabula oMvomvozi, oMehlwemamba nami?

Zithulele: UHulumeni ufuna ukuqondisa imingcele. Abelungu bayakhala ngodaba lwemingcele. Bakhala ngemihlambi yemfuyo yabo amanzi oMngeni. Bathi iyabahlupha. Bathi incintela imfuyo yabo amanzi oMngeni. Bathi bafuna imfuyo yabantu bakho ithelele imfuyo yabo ngezifo ezithathelwanayo. Bathi futhi izinkunzana zezinkomo zabantu bakho zikhwele imfuyo engeyohlobo uma imihlambi lena ihlangana ezimfundeni zomfula. Bathi izimpuselana zezinkunzana lezi zizalisa izithole zabo uhlobo lwezinkomo olungasile.

Salimani: Ngalokho pho?

Zithulele: Bayakhalaza futhi onkosana laba ngokuhlushwa abantu bakho bebebela imfuyo yabo kanye nezilimo zabo emasimini.

Salimani: UHulumeni wakho uthi abelungu bathini?
Wena uthini? Yena uthini?

16.1 Nika amagama abelungu ABATHATHU ababebanga imingcele noSalimani. (3)

16.2 Nika igama likaHulumeni kanye notolika wakhe ngalesi sikhathi kubusa uSalimani. (2)

16.3 Kungani uHulumeni wabamhlophe ayefuna ukuqondisa imingcele? Nika kube KUTHATHU. (6)

16.4 Wenze njani uSalimani ukuze awine icala elase limgojelile? (3)

16.5 Ngokwalo mdlalo ingabe abelungu babezithatha kanjani izindawo zabantu? (5)

16.6 Siyini isisusa sodweshu kulo mdlalo? (3)

16.7 Ngabe uyavuma noma uyaphika ukuthi izwe into yokufelwa? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kulo mdlalo. (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25

AMAMAKI ESEWONKE: 80

WESTERN CAPE